# HILLCREST HIGH SCHOOL

HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KOKUPHELA KONYAKA

## IBANGA LE-11

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**
**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**IMIKLOMELO: 100**

**ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:
   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa umyalezo (30)
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifushane edlulisa umyalezo (20)
2. Ohlolwayo kulindeleke ukuba aphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A , OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Phendula imibuzo ngesiZulu.
4. Ohlolwayo makaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa.
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela:
   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.
9. Ohlolwayo makaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1. Mhla ngifunda izifundo. (50)

1.2. Izinhlelo enginazo kulama holide. (50)

1.3. Ubuhle nobubi ngemfundo yamahhala. (50)

1.4. Utshwala abudayiselwe abantu abaneminyaka eyishumi nanye. (50)

1.5. Engabe sasikhona isidingo somvalelandlini *(lockdown).* (50)

Bukisisa izithombe ezingezansi bese uziqambela indaba uyiphe nesihloko.

1.6.



(50)

**ISIQEPHU B: UMBHALO OMUDE**

**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

**2.1. I-CV NENCWADI EYISIPHELEKEZELO**

Inxanxathela yezitolo yangakini izovula isitolo sokudla esaziwa ngo McDonald's. Kuthiwa kudingeka abantu abazosebenza isikhashana ngamaholidi kaZibandlela.

Bhala i-cv kanye nencwadi eyisiphelekezelo ukuze nawe ukwazi ukubekisa indawo. (30)

**2.2. UMLANDO NGOMUFI**

Ubabekazi wakho ubengusosayensi udlule kabuhlungu emhlabeni emva kokulinyazwa amakhemikhali lapho abesebenza khona. Umndeni ube usucela wena ukuba ubhale umlando ngomufi ozofundwa emgcwabeni wakhe.

Bhala UMLANDO ngomufi. (30)

**2.3. INKULUMO-MPENDULWANO**

**U**Sandile uthathe imoto kababa wakhe engayicela kanti ngeshwa uzovele ayishayise ilimale kanzima. Ubaba wakhe uGcwabaza uthukuthele kakhulu.

Bhala INGXOXO phakathi kwalaba bobabili. (30)

**2.4. UMBIKO**

Esikoleni ofunda kuso sekube nezigameko eziningi zokulahleka komakhalekhukhwini. Uthishanhloko ukucele ukuba wenze ucwaningo bese umbhalela umbiko ngalolu daba.

Bhala UMBIKO. (30)

**ISIQEPHU C: UMBHALO OMFUSHANE ODLULISA UMYALEZO**

**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

**3.1. ISIKHANGISO**

Isikole sakho sizoba nosuku lapho kuzobe kudayiswa khona. Wena nomngani wakho ninqume ukudayisa izithelo ezinhlobonhlobo.

Bhala isikhangisi ozosifaka ezindongeni zesikole. (20)

**3.2. ISIMEMO**

Udadewenu ukucele ukuba nimangaze abazali benu ngendumezulu yephathi. Ube esekucela ukuba ubhalele umalume wenu nomndeni wakhe ikhadi lokubamema.

Bhala ikhadi lesimemo. (20)

**3.3 IDAYARI**

Ekuqaleni kwale nyanga wangenela umncintiswano, wabe usuwina uhombo lapho uzochitha khona izinsuku ezintathu ezweni laseMalawi.

Bhala ozobe ukwenza ngalezi zinsuku. (20)

**3.4 IMIYALELO**

Njengoba ubuvakashelwe umngani wakho umuphekele u-curry omnandi kakhulu wenyama yenkukhu. Ube esekucela ukuba umbhalele iresiphi oyisebenzisile ukuze aphekele umndeni wakhe.

Bhala iresiphi yalo curry wenkukhu. (20)